

KUQHUME IPAYIPI LAMANZI EGATSHENI LAKWA-SARS ELISEMBOMBELA

PRETORIA, ngoMsombuluko, 19 kuNcwaba 2019 – UPhiko IweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) lufisa ukumemezela ukuthi igatsha eliseMbombela eMpumalanga liqhunyelwe yipayipi lamanzi nokube nokuphazamise ukusebenza egatsheni.

Abakwa-SARS bathanda ukuxolisa kubakhokhintela ngokuphazamiseka okube khona.

Ngenxa yalesi simo abakwa-SARS benze izinhlelo zokuthi uPhiko IweNtela olunguMahambanendlwana kube yiyo ehlinzeka usizo kubakhokhintela.

Abakwa-SARS bazozama ngakho konke okusemandleni ukuxazulula lo mshophi ngokushesha nokunciphisa umthelela kulabo bakhokhintela abafuna ukugcina izibophezelo zabo zokuthobela umthetho. Abakhokhintela abahlangabezana nezinkinga lapho bethola khona usizo bayanxuswa ukuba baxhumane ne-SARS Contact Centre kule nombolo 0800 00 7277.